


**hamba
uyohlolwa i-** **TB**
i-TB isifo
esingalapheka

***Sonke singakwazi
ukuzivikela ku-TB***

Kunezinto ezisobala wonke umuntu angazenza ukuvimbela ukuzalana nokwanda kwegciwane le-TB

- Hamba uyohlolwa i-TB uma ukhombisa izimpawu zokugula, ikakhulukazi uma ukhwehlela noma umzimba wakho wehlile kakhulu
- Uma unegciwane i-HIV, hamba uye emtholampilo wangakini bakuhlole i-TB ngaso sonke isikhathi
- Vala umlomo uma uthimula noma ukhwehlela
- Uma umuntu oseduze kwakho ekhwehlela, fulathelisa ubuso bakho uvale umlomo wakho
- Uma une-TB, phuza imithi yakho ngendlela efanele
- VUla amafasitela, ikakhulukazi emagumbini noma emathekisini agcwele abantu



Bengine-TB. Ngaya kohlolwa futhi ngabe sengelashwa. Manje sengipholile.

Fikile Boyce

***Izimpawu ezikhombisa
ukuthi une-TB***

Ukukhwehlela amasonto amabili noma ngaphezulu

Ukukhwehlela ukhiphe izindende noma igazi

Ukugodola, imfiva nokujuluka ebusuku

Ukwehla komzimba nokungathandi ukudla

Amahlaba esifubeni noma ukucinana

Ubuhlungu noma ukuvuvuka kwesisu

Ubuhlungu noma ukuchama igazi

Ukunkenketha nokuba buhlungu komgodola noma amajoyini

Ukuba nezinkinga ngesizalo